

Uyini?

Umanyolo ungukudla okudingwa isitshalo ukuze sikhule kahle.

Izinhlobo zikamanyolo

1. Owenziwe ngemvundo
2. Owenziwe ngamakhemikhali



Ufakelwani umanyolo?

Unikeza ukudla okudingwa isitshalo ukuze sikhule kahle kwenyuke isivuno kanye nenzuzo.



Izinhlobo zomanyolo

Owemvundo: yezilwane noma yezitshalo ezibolisiwe, uqukethe imisoco enhlobonhlobo edingwa izitshalo.

Owenziwe ngamakhemikhali: oyizinhlamvu noma owuketshezi uqukethe imisoco eyanele edingwa izitshalo.



Isitshalo sikusebenzisa kuphi ukudla kwaso?

- N** - owamaqabunga
- P** - owezimpande
- K** - owesiqu



N

P



K





Izigaba okumele zilandelwe

Thatha
isampula
lomhlabathi
ulithumele
kwa-FAS



1

Funda Imiphumela yomhlabathi
ohloliwe




2

Thenga uhlobo lukamanyolo
ngokwezinto



3

Kwesinye
isikhathi
kudingeka ufake
umcako wabalimi



Amalungelo okuqopha aqukethwe kulo mbhalo. Ayikho ingxenye yalo msebenzi engaphinda yenziwe nangenoma iyiphi indlela ngaphandle kwemvume ebhaliwe yomshicileli. Yize yenziwe yonke imizamo yokuqinisekisa ubuqotho bolwazi olushicilelwe kulo msebenzi, isiKhungo sezoCwaningo ngoMoba saseNingizimu Afrika (SASRI) asizukuthathelwa zinyathelo ngokulahleka noma ukulimala okungehlakalela umuntu ngenxa yokulandela ulwazi oluqokethwe lapha. Ukusetshenziswa kwamagama nezikhangisi ezinobunikazi kulomshicilelo akungathathwa njengokuqinisekisa/gqugquzela ukuthi zisetshenziswe.

Ufakwa nini umanyolo?

**Ngesikhathi
utshala kolayini**



**Ngaphezulu uma
usutshalile**



**Ukukhuthaza
ihlumela emva
kokuhlahla**



Umanyolo ufakwa kanjani?



**Ukusebenzisa
ithini nentambo**



**Ukusebenzisa
isigubhu esithwalwa
emhlane**

Amasu Okufaka

- Sonke isikhathi sebenzisa izincomo zakwa-**FAS** (inani nohlobo lukamanyolo).
- **Ehlobo** - Faka umanyolo ngemva kokuhlahla.
- **Ebusika** - Faka umanyolo ngemva kwezimvula zokuqala kwentwasa hlobo.
- **Emhlabathini owubumba** - Faka umanyolo kolayini bomoba.
- **Esihlabathini** - Faka umanyolo phezu kolayini nasemaceleni.
 - Ungawufaki wonke umanyolo kanye kanye.
 - ½ ngenkathi utshala
 - ½ ngemva kwamasonto ayi - 8 utshalile
- **Izincomo zesikhuthazakhaba zingancishiswa ngama- 20 kuya ema-30kg ngehheka.**
 - Emhlabathini ongajulile
 - Uma kunesomiso
 - Uma isihlava siyinkinga kakhulu